**Imisindo (ukubuyekeza)**
hl, kh, mb, nd, ng, ny, ph, bh, dl, nk, nz, sh, ns, nt, th, kw, qh

**Umsindo omusha**
**nw** (uMabo**nw**a, Mabo**nw**a, ngoku**nw**abuzela, u**nw**abuzelisa, ngi**nw**abuzele, izi**nw**ele, oko**nw**abu)

**Igama abalibona njalo (ukubuyekeza)**
ugqoka

**Igama abalibona njalo (elisha)**
okwempethu

**UMabonwa uyasazi isikhathi**

**isiZulu**

**Izinga 3C**

ISBN: 978-1-77981-426-5

© 2023 Ulwazi Lwethu African Languages Literacy Project

Umbhali: Zandile Malaza
Umhumushi: Zandile Malaza
Umdwebi: Jesse Pietersen
Isakhiwo: Rock Bottom Graphic & Design

Uhlelo lokuqala lokushicilela luka-2023.

UMabonwa unewashi elisha. Ufunda ukusho isikhathi.

“Useyazama ukufunda isikhathi, Mabonwa,” kusho ugogo.

Inkinga ukuthi uMabonwa akasibambi neze isikhathi. Konke ukwenza ngokunwabuzela!

Sekuyihora lesithupha, Mabonwa," kusho ugogo. "Isikhathi sokudla kwantambama."

UMabonwa udla ukudla kwakhe ngokunwabuzela.

"Lomfana unwabuzelisa okwempethu," kucabanga ugogo.

“Sekuyihora lesikhombisa, Mabonwa,” kusho ugogo. “Isikhathi sokugeza ulale.”

UMabonwa uxubha amazinyo ngokunwabuzela. Ulungiselela ukulala ngokunwabuzela.

“Lomfana unwabuzelisa okomnenke,” kucabanga ugogo.

Ngehora lesithupha ekuseni, uMabonwa usalele.

“Vuka, Mabonwa!” kusho ugogo.

“Lomfana unwabuzelisa okweshongololo,” ugogo uyacabanga.

Sekuyihora lesikhombisa ekuseni.

“Shesha, Mabonwa! Uzophuza ukufika esikoleni,” kusho ugogo.

UMabonwa ugeza ngokunwabuzela. Ugqoka ngokunwabuzela. Ukama izinwele ngokunwabuzela. Udla ngokunwabuzela.

“Lomfana unwabuzelisa okonwabu,” ugogo uyacabanga.

Sekuyihora lesisishiyagalolunye.

UMabonwa wephuzile ukufika esikoleni. Abasabonakali abanye abafundi.

"Shesha, Mabonwa!" kusho ugogo.

Kepha uMabonwa uhamba ngokunwabuzela, abuye azimele.

Loya mfana unwabuzelisa okofudu,"
kucabanga ugogo.

Ngehora leshumi, uMabonwa ungena ekilasini ngokunwabuzela.

Bonke bayambheka. Uphuzile ukufika!

UMabonwa akakuthandi neze ukubukwa. Uphoxeke kakhulu.

"Angeke ngiphinde nginwabuzele ngephuze ukufika," uyaziyala.

Ngakusasa, uMabonwa uvuka ekuseni kakhulu. Ubheka iwashi lakhe. Ihora lesihlanu. Ugogo usalele.

Ngokushesha, uMabonwa walungiselela ukuya esikoleni.

Namuhla akayena uMabonwa ufudu. Namuhla unguMabonwa ingulule!

UMabonwa uhamba ngokushesha uya esikoleni. Ubheka iwashi lakhe. Ihora lesikhombisa. Ungowokuqala ukufika esikoleni!




Kulezi zinsuku, uMabonwa akasafiki ngemuva kwesikhathi. Uyakwazi ukufunda isikhathi. Futhi uyaqhubeka nokwenza kahle ekubambeni isikhathi.

Ugogo uyaziqhenya ngaye!

Ulwazi Lwethu

Readers

## Izinga 1-2

- Isomiso
- UNunu noBobo
- Amawele asizayo
- Lingandiza?
- Vala, vula, veza!
- Imbongolo kaGumbi
- Inyoka esibayeni!
- UMbali ukhumbule ubaba
- UMbimbi nesicabucabu
- UNdumi ufuna ukupenda
- UBongi umatasatasa!
- Basepulazini
- Bukela kimina, Phephe
- UShaka umangele!
- UMenzi nokuhlanzeka!
- Umlilo!
- Bahlala bebobabili!
- Umshado wezinkawu
- UShonaphi ulimele
- Asongeni amanzi
- UFumani nembuzi
- Isobho lemifino
- Isihluthu
- Abangani kunoma yisiphi isimo sezulu!
- Ubuchule bukaSidlodlo

## Izinga 3

- Ijazi eliguqukile
- Angiyithandi imifino!
- UNtando ojabulile!
- Uthingo lwenkosazane lukaThando
- Ingubo kaShila
- Uthando lwamawele
- Izicathulo zikaThobile ezintsha
- Basiza umkhulu ukuze alulame
- UNtombi ubamba isigebengu!
- Isifo sezingulube
- Umlimi uNceku nezinkawu
- Ukufunda ngamaxoxo
- Isifiso sikaNhlawulo siyafezeka
- Amanzi! Amanzi!
- Isihlahla eselaphayo
- UMoli neziqhumane
- Amaqanda kaDwiki alahlekile
- Isimangaliso sembewu
- UMabonwa uyasazi isikhathi
- Soweto
- Icebo elihle likaMandla
- Izipho
- Isibhelane sikaKulani
- UFani noSiba
- Umdlali ovelele
- Ibhola elilahlekile
- Indandatho yegolide
- UMondli uphethwe yisisu
- Ukunambitha ukudla kwesiVenda
- Isiko lwamaVenda
- Sivakashela esiqiwini
- UNomazwi uzigcina ephilile!

## Izinga 4-5

- Izinyosi
- Ujaheni Wenzile?
- Ingwenya enonya
- Izinhlobo zezithuthi
- Ukuziphindisela kwezinkunzi
- UThuthuva uqala kabusha
- Intombazana ehlakaniphile
- Izimpahla zinkulu kimi!
- Abafana abahlakaniphile
- Umdobi wezinhlanzi
- Ubusuku obungalaleki
- Isifo somkhuhlane
- UNomadlakadlaka onesibindi!
- Inkinga engadini kagogo
- Isicathulo esihle
- Iphupho likaSiviwe

Ulwazi Lwethu yiphrojekthi yeZenex Foundation exhaswe ngezimali futhi esungulwe ukuthuthukisa uchungechunge lwezincwadi zokufunda zolimi lwase-Afrika, ezisemazingeni kanye nezokungcebeleka, nezinsiza zokusekela othisha. Le phrojekthi iqondiswe ekufundiseni nasekusekeleni abafundi abaseSigabeni Sabokhewane ukuze bathuthukise ukufunda nokuqonda kwabo ulimi lwasekhaya. Izincwadi zokufunda zisungulwe ngezilimi eziyisishiyagalolunye zase-Afrika ngokubambisana neMolteno Institute for Language and Literacies, Nelson Mandela Institute for Education and Rural Development, Room to Read South Africa, kanye neSaide. Zonke izinsiza zenziwa njenge "Open Education Resources" (OER).

Please visit our website to download the full copy of this reader:
***ulwazilwethu.org.za***

Creative Commons Attribution-NonCommercial-NoDerivatives (CC BY-NC-ND) 4.0 International Licence

Disclaimer: You are free to download and share this work as long as you attribute Zenex Foundation, but you may not change this work in any way or use it commercially.

ISBN: 978-1-77981-426-5